

# **USARS uziqaphelile izinyathelo zomthetho ezithathwe yinyunyane abasebenzisana nayo iNhlangano yeziSebenzi zikaHulumeni (i-PSA)**

**Tshwane 14 kuNhlabo 2021** – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika luyakuqaphela ukuthi enye yezinyunyana abasebenzisana nazo, iNhlangano yeziSebenzi zikaHulumeni (i-PSA) iqome ukuthatha izinyathelo zomthetho ukuze ithole isisombululo odabeni lokwenyuswa kwemiholo oluphakathi kukaSARS nenhlangano yenyunyane yabasebenzi.

Ngaphambi kokuphela konyakamali, uKhomishana wakwaSARS wakhulumma nezisebenzi mayelana nezingxoxo eziqhubeckay nobuholi obuphezulu kanye neNhlangano yenyunyana yabasebenzi mayelana nomthelela wesabiwomali esabelwe uSARS emithonjeni yezimali, okusalokhu kuyinselelo enkulu.

USARS, njengezinye izikhungo zikahulumeni, nawo wabelwa kusabiwomali sikazwelonke esivela kuMgcnimafa kaZwelonke. Kuyiqiniso elaziwayo ukuthi ubhubhane luwulimaze ngendlela engakaze ibonwe umnotho. Kanjalo nezimali zakwaSARS zithikamezekile.

NGenxa yalokhu okubalulwe ngenhla, ngoLwesibili, mhla ziyi-6 kuMbasa 2021, uSARS neNhlangano yenyunyana yabasebenzi bahlangana ngenhloso yokubheka amathuba kulesi simo esikhona, ikakhulu kuxoxwe ngodaba lwemihlomulo yemali nengeyona eyemali enikwa izisebenzi *i-Employee Value Proposition*. Inhlango yeyenyunyana yabasebenzi yabeka uvo lwayo ngalokhu, futhi izoqhubeka nokuxoxisana noSARS kuya phambili.

NgoLwesithathu, mhla ziyi-7 kuMbasa 2021, emhlanganweni okhethekile we-NBF, zonke izinhlaka zakhulumma ngokufenzwa kwasivumelwano semiholo seminyaka emi-3. USARS wayivezela iNhlangano yenyunyana yabasebenzi ukuthi isimo esibhekene naso okwamanje ukuthi uSARS awukwazi ukunyusela izisebenzi imiholo yazo kulonyakamali wezi-2021/22, ngenxa yokuthi isabiwomali ababelwa sona sasingayifakanga imali yokunyusa amaholo ezisebenzi.

Kuwumthwalo wethu sonke ukwenza izinto ezikhombisayo ukuthi siyaziqonda izinselelo izwe lethu ezibhekene nazo. Izwe lethu libhekene nezinga elingemukelekile eliphezulu kakhulu zokuntuleka kwemisebenzi, kanti thina esinethuba lokuqhubeka nokusebenza, kumele siphazamise lokhu esikulindele uma sibeka izimfuno ezivunyelwe umthetho. Ngakho-ke, kubalulekile ukuthi sithathe izinyathelo ezizosilekelela sinqunde amandla aloku kuntenga kwesimo sezimali esikhona ezweni lethu.

Siyayihlonipha inhlango yezinyunyana zabasebenzi ngokuthatha izinyathelo ezikhombisa ukukhathalela amalungu azo ngokuthi zithathe izinyathelo zokufuna izisombululo ngendlela yezomthetho.